# *NGUBANI LO?*

. . . Nkosi, futhi i—izinto Azithembisile. Futhi sonke isithembiso Asenzile siyiqiniso. Futhi sibheke ngabomvu isikhathi sokubonakala kwaKhe. Futhi njengoba sibona loloSuku lusondela, lelohora liza, kusenza sifune ukuhlola, sithathe okuqukethwe lwethu futhi sibone nje ukuthi simi kuphi.

2 Bengizwa nje, lapho ngingena egcekeni laphaya, umngane wami olungileyo lapho, ukuthi umngane wami wangempela useduze nokufa, enomdlavuza. Futhi ngempela ngifuna ibandla likhulekele uMfowethu Rogers. Futhi yena u . . . Ngifuna ukwehla kuleli viki ngiyombona. Uhlala edolobheni cishe amashumi amathathu nanhlanu, amamayela angamashumi amane ngezansi kwalapha, eMilltown, e-Indiana. Futhi ngifuna ukwehla ngiyombona. Ungumakadebona weMpi Yomhlaba Yokuqala. Futhi usanda kuhlinzwa, nodokotela basanda nje kumthunga ngoba bathe, "Asikho isidingo sokuzama ukuhlinza. Wayefa." Futhi usanda kuzwa ngakho, ngiyakholwa, uLwesihlanu noma uMgqibelo, okukodwa, ukuthi usanda kuzwa ukuthi ubenomdlavuza.

3 Kodwa kunento eyodwa enkulu eyenzekile. Wathi, "Egumbini," lapho engena e—esibhedlela, ukuthi, "kwaqhamuka uthingo lwenkosazana ekhoneni." Futhi wema, walubuka isikhashana. Futhi leso kwakuyisibonakaliso sikaNkulunkulu sesivumelwano. Kunjalo, uthingo lwenkosazana, njalo lumelela isivumelwano.

4 UNkulunkulu uyazigcina izivumelwano zaKhe. Wenza isithembiso saKhe. Futhi wena nami singenza esisodwa futhi sifanele sisiphule, ngoba a—asazi nje ukuthi ikusasa liphetheni. Kodwa uNkulunkulu angeke enze esisodwa, futhi asiphule, ngoba Uyazi ukuthi ikusasa liphetheni. Niyabo? Wazi konke ngezinkathazo zethu nokuthi ziyini. Futhi Wayazi konke okwakuyoba khona, ngaphambi kokuba kube khona. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wayazi ncamashi nje ukuthi ubani obeyoba khona, nokuthi ubani obengayikuba khona.

5 Futhi akusiyo induduzo, emva kokuba sisanda kuba nalezi zinkulumo eziqinile ezivela kulomRushiya, uKhrushchev, na—nabehlukene? Nokuphawula abaye bakwenza, okuthi, "I—imipheme yanabhanoyi isilungele. Bangabhubhisa umhlaba phakathi komzuzu nje." Niyabo? Futhi noma yini nje, ba—bavele bavele bacindezele inkinobho bese kuba yikho konke. Kodwa ukubuka emakhasini aleliBhayibheli futhi ubone, kodwa, ngaphambi kokuba lokho kuze kwenzeke, iBandla seliya eKhaya. O, umuzwa onje pho, niyabo, impumuzo enjalo ukwazi

ukuthi alisoze lasithinta. Kunjalo. Sizokwenza...Ayisoze yasithinta. Siphephe njengoba kungaba njalo. Nokwazi ukuthi leyo akuyona nje indawo yokucasha uhulumeni asibumbele yona. Yindawo yokucasha uNkulunkulu anayo!...?...Futhi singaphumula ngokuqinisekile ukuthi iphelele njengoba ingaba njalo.

6 Kuyo yonke iminyaka, uNkulunkulu wenze izithembiso, futhi ngalezi zithembiso Ubehlala ezigcina. Futhi mina ngokwami, a—angiboni lutho olusele ngaphandle nje kokuhlwithwa ngokushesha kweBandla. Ngibona amaqembu amancane ezungeza, ezabalaza; abathembekile, bebambelele.

7 Futhi ngeviki eledlule, niyazi ukuthi kwenzekani kwa-Israyeli, isibonakaliso sokugcina.

8 U-Israyeli waba yisizwe ngo-1947, ngobusuku obufanayo iNgelosi yeNkosi engivakashela ngabo. Ngenkathi Ifika kimi ngehora leshumi nambili nqo, kwakusemini lapho besayina lesosivumelwano sokuthula nomhlaba, iNhlangano yeZizwe, nokunye nokunye, phesheya kwezilwandle.

9 Kodwa ngeviki eledlule bathole eyabo imali. Kunjalo... Banemali evamile yamaJuda abayisebenzisayo manje.

10 Futhi a—angiboni lutho nhlobo olusele, ngokomBhalo. Kusobala, kungenzeka...izinto eziningi, mhlawumbe, iNkosi ayingazisanga. Kodwa angiboni lutho olusele kodwa nje ukuFika kweNkosi. Futhi, o, ngithanda kanjani nje ukuhlola. Futhi uqala ukufunda amaphepha nokulalela ukusakazwa kwezindaba, futhi kukwenza ube nokwethuka ngempela. Bese kuthi-ke uhlala phansi futhi ucabange, "Ngaphambi kokuthi konke kwenzeke, sesiye eKhaya."

11 Akusoze kwaba khona umuntu omdala kuleloZwe. Cabanga nje, thina bantu abadala sizoguqulwa ngaleso sikhathi, futhi sizoba basha. Akusoze kwaba khona ukugula lapho; kungasoze kwaba nokufa. Akusoze kwaba khona ukudabuka, ubuhlungu benhliziyo, kumbe noma yini ngalesosikhathi, lapho sesiwele lokho.

12 Ngiyathanda nje ukubuza lokhu. Ukuba-ke, namhlanje ekuseni, omunye angangena emnyango bese ethi, "Awu, ngisanda kuthola okuthize, kufakazelwe ngokwesayense ukuthi kuyiqiniso. Futhi lokho ngukuthi, ukuthi, kukhona umkhumbi oza lapha, emoyeni, emizuzwini embalwa nje. Futhi nonke, ofuna ukugibela, angagibela. Futhi uya ezweni engisanda kubuya. Ngangiyikhehla, ngineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala"? Futhi nangu la ekhona, ekuqaleni kobusha, niyazi, futhi ethi, "Ngaleya lapho nje, masinya nje lapho unyathela usuka kulolo olunye uhlangothi, masinyane ubuyela emuva ebusheni. Futhi ngahlangana nabantu ababelapho izigidi zeminyaka, futhi babukela nje ngokufanayo."

Bengiyothi, "Mfowethu, ngenzele indawo nje, ngakho-ke ngiyeza."

13 Ngicabanga ukuthi yindlela sonke esizizwa ngayo. Futhi niyazi ukuthi leyo akuyona nje indaba. Lelo yiqiniso. Nomkhumbi omdala waseSiyoni uzokwehla emoyeni, ngolunye lwalezizinsuku, futhi uthwale abangcwele, futhi uwele. Uhambe nje ngaphansi kwebhanela, isiphambano, bese-ke sesiseKhaya. O, leso sikhathi esihle!

14 Ngakho-ke ngiyacabanga, namuhla, futhi ngisho kukhona izinhlupheko eziningi zolungileyo, kodwa uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke. Futhi ngiyajabula ukuthi siphumule ngokuqinisekile kulesi sithembiso esikhulu.

15 Ngibonga kakhulu kuNkulunkulu, emseni waKhe, obize uMfowethu Junior Jackson, njengoba simazi lapha. Ngizwe izihambi zifakaza emizuzwini embalwa edlule, ngokungenela inkonzo yokuphulukisa kulobubusuku. Futhi ngi—ngibonga kakhulu ukuthi uNkulunkulu umsindisile uMfowethu Jackson. Udeveli usondele impela ukuba ambulale, ngesinye isikhathi. Kodwa uNkulunkulu wayenomsebenzi wakhe ukuba awenze, ngakho-ke Wasindisa ukuphila kwakhe. Futhi yingakho lelibandla, ibandla elincane limi lapha namhlanje, kungokomusa kaNkulunkulu. UJunie ube ngumngane wami othandekayo kakhulu, ethembekile njengoba ebengaba njalo, eMbangeleni. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa nina bantu, ibandla lapha, futhi lizophindaphindeka kuze kube lelibandla lingeke lisakwazi ukubamba abantu.

16 Futhi kungisiza kahle ukungena ebandleni elincane elinjengaleli, lapho esingasondela khona nje ndawonye. Ngibe nenhlanhla, ngomusa kaNkulunkulu, ukukhuluma namabandla amakhudlwana; kodwa angikusho lokhu, ukuthi ngi—ukuthi ngiphinde ngakujabulela. Ngoba, imihlangano engcono kunayo yonke engake ngaba nayo kwakungenkathi sinemihlangano ngisho emincane yasendlini. Lapho thina nje. . . Ngangizitholela isihlalo futhi ngingene ekhoneni, ngigxume ngehle ngiphinde ngigibele esihlalweni. Futhi nje nginesikhathi esimnandi senhlanganyelo, lapho abangcwele bengabuthana khona. "Futhi nomaphi lapho ababili noma abathathu bebuthene eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Leso isithembiso. Kungenandaba ngobungako bebandla, uNkulunkulu wathembisa ukuhlangana nathi. Futhi Uzokwenza lokho.

17 Manje, ngiyabakholwa . . . UMfowethu Jackson ubengitshela ukuthi bebelindele, kulobubusuku, ngokuba nenkonzo yokuphulukisa ebandleni. Futhi ngimtshelile ukuthi nami ngizokwehla futhi mhlawumbe ngikhulume imizuzu embalwa ebandleni, emva kwesifundo sakhe sikaSonto sikole kulokhu

ukusa, nokuthi ukuthola umuzwa wabantu. Futhi ngezwa omunye efakaza ukuthi wayezele ukuphulukiswa. Futhi ngicabanga ukuthi baningi, kulobubusuku, abazokhulekelwa.

18 Ubulindele inkonzo ukuthi ibe nje ukukhuphula abantu futhi ubagcobe, ubakhulekele, noma u—u—ukubona okufihlakeleyo kukaMoya oNgcwele ukuthola into engalungile na? Futhi, niyabo, lezozinto okufanele ngizilungiselele, hhayi ukudla, ukulinda eNkosini, nokunye nokunye, ngoba uSathane uhlala eseduze, ukuze acuphe ugibe, nganoma yisiphi isikhathi ukukucasula. Futhi bangaki abangazizwa ukuthi bekungaba kuhle ukwedlula konke, niyabo, i—ibandla esi . . .

19 Lelibandla lifana nelethu phezulu lapho, ibandla elizibusayo. Sizwa ukuthi iningi labantu lingaba nokusho okungaphezu komuntu oyedwa nje, niyabo, ngoba yilokho abakubiza ngo "kwenza unkatho." Ungacabanga ukuthi bekungaba kuhle ukuba nje i—i—inkonzo yokubona okufihlakele kulobu busuku na? Phakamisa isandla sakho uma uzwa ukuthi lokho kungaba yinto ongayenza. Kulungile. Asibone. Manje ngokuphambene, bekungalunga nje . . . Kulungile. Sizobe sikhipha amakhadi omkhuleko ngaleyonkathi, kulobubusuku, futhi sibiza abantu. Kungaba khona . . . Uma kukhona inqwaba yabo, ngizothumela uGene noma uBilly, noma oyedwa wabo, ezansi kulentambama. Mayelana . . . Uyiqala ngasiphi isikhathi inkonzo yakho, Junie na? [UMfowethu Raymond Jackson uthi, "Ligamenxe elesikhombisa."—Umhl.] Ligamenxe elesikhombisa. Ligamenxe elesithupha, khona-ke, futhi bazoninikeza amakhadi. Futhi sizokhulekela wonke umuntu onamakhadi. Lokho kusho ukuthi wonke umuntu uzokwazi ukukhulekelwa, kodwa sizo . . . ebandleni elincane. Kodwa esizokwenza, sizokuvumela ukuthi kujikeleze emgqeni. Makuthi . . . Ngizobatshela ukuthi banikeze amakhadi omkhuleko ezihambini, bese-ke bededela abantu basekhaya beze ngokulandelayo, ngoba kuzoba ngabantu basekhaya abaseduze, niyabo, ngakho-ke bazo . . . Bayaqonda.

20 Manje, ngezinye izikhathi, ekhaya lapha, kuthi ukuba nzima ukuba nomhlangano wokubona okufihlakeleyo. UNkk. Wood uhlezi eduze manje. Ngehlela ebandleni, futhi ngiyoba nenkonzo ka . . . bengizothi, "Manje . . . " Futhi singahle sikwenze ngaleyondlela kulobubusuku. Ngaphambi kokuba kube noma yimaphi amakhadi omkhuleko nanoma yini ikhishiwe, uMoya oNgcwele wawuyoba seduze futhi ubize abantu abathile. Futhi ngiyothi, "Wonke umuntu lapha, oyisihambi, sukuma." Niyabo? Mabasukume bonke.

21 Ubuyothi, "Kulungile, lona us*'bani-bani* ovela," noma ngabe yini uMoya oNgcwele oyoyisho, futhi wenze lokho.

22 Bese kuthi-ke ngesikhathi esilandelayo, ngiyajika futhi abantu abayinqwaba lapha kulelidolobha lethu, bayothi,

"Hhayi-ke, besingabazi labo bantu. Besingazi ukuthi bekuyini inkinga ngabo. Lokho kungenzeka kube yiphutha."

23 Ngokulandelayo, uthi, "Kulungile, sizovele sithathe abafo osekhaya, sibasukumise."

24 "Ngani, wayebazi labobantu. Impela, wayazi." Ngakho-ke, niyabo, uSathane unonoxhaka ocushiwe, yonke indawo, niyabo. U—ulungele, nganoma yisiphi isikhathi.

25 Futhi ngakho-ke abanye babo bathi, "Awu, uma nje unalokho kubona okufihlakele okuqondile kanjalo, bonke abantu abalitholi ithuba lokungena emgqeni womkhuleko." Abanye babo bathi, "Awu, uma unakho, ngingamane ngikhulekelwe." Awu, awu, kungapha nangapha nje. Ngakho sine, okokuqala, indlela eyodwa, bese kuba enye. Futhi, bona, bayoba kanjalo kuze kufike uJesu. Ungakwazi . . .

26 IVangeli njalo iletha isixuku esixubile. Imiphumela yokushumayela kukaKristu njalo iletha isixuku esixubile. Iletha amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Lelo yibandla onalo. Ngakho-ke sikulindele konke lokho. Ngakho-ke sibheke phambili kuze kube . . . ngokuba namhlanje ebusuku kuyisikhathi esikhulu eNkosini. Manje, ngaphambi nje kokuba sivule iZwi . . .

27 Futhi niyaphuma cishe kugamenxe ihora leshumi nanye, Ngiyacabanga, Mfowethu Junior? [UMfowethu uJackson uthi, "Thatha isikhathi eside njengoba ufuna, Mfowethu Branham."—Umhl.]

28 Bese kuthi-ke labobantu abafuna ukuba semgqeni womkhuleko, kulobubusuku, ukuze babashayise ulayini, uma lapho kuza iqembu labangaphandle, khona-ke singabangenisa, niyazi, ngeminyango, kanjalonjalo. Fikani ngokugamanxa kwelesithupha.

Asikhothamise amakhanda ethu manje ngaphambi kokuba sifunde iZwi.

29 Nkosi yethu eyigugu, siyaKubonga, ngokuzithoba okukhulu, kusukela ezinjulweni zenhliziyo yethu, ngenxa yalelithemba eliphilayo esinalo kulomzimba ofayo ukuthi kukhona iNkosi uNkulunkulu, noJesu Kristu, futhi ngesihawu saKhe, nokulunga kwaKhe, Usinikile ukuPhila okuPhakade. Futhi lelo themba elikhulu likithi namuhla, futhi silizwa njenge—u—umthombo ophuphumayo emiphefumulweni yethu, kusinika isiqiniseko sokuthi wonke amaZwi kaNkulunkulu ayiqiniso. Futhi ngiyajabula ukwazi, namuhla, ukuthi asikho isidingo sokuvele siqagele ngakho. Akusesikho ukuqagela. Kungukwazi kanjalo. Ngokuba sisifundile isithembiso saKhe futhi saMbona eza futhi egcwalisa lesosithembiso eZwini. Ngakho-ke, siyazi ukuthi Kuyiqiniso. Futhi siyabonga ngoMoya oNgcwele, Ongufakazi wokuvuka kwaKhe.

30 Futhi siyabonga ngabefundisi, abaprofethi beqiniso bakaNkulunkulu, abamele iQiniso, nokulunga. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobabusisa labobantu namhlanje, noma ngabe bakuphi, emapulpiti abo emhlabeni jikelele, ukuthi uMoya oNgcwele uzohamba phezu kwabo, ngamandla. Futhi ubanike iZwi laKho, futhi kwangathi Lingaveza imiphumela emikhulu yonke indawo, ngokuba siyakholwa ukuthi ukuFika kukaJesu sekusondele.

31 Besizocela ukuthi Ubusise lelibandla elincane, namuhla, umelusi walo, namadikoni, kanye nalo lonke ibhodi, namalungu, nezihambi ezibuthene emasangweni ethu. Siyabonga ngenhlanganyelo; ukuzwa omunye ethi bashayele amamayela amaningi, ukuzela inkonzo. Futhi ngempela umBhalo uyabonakaliswa, ngenkathi Uthi, "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi."

32 Futhi siyazi, Nkosi, ukuthi iBandla laKho alikho ngobuningi, kulokhu ukusa. Amakholwa eqiniso ayingcosana. Kodwa ngolunye usuku, Nkosi, Uzozithathela leyongcosana kuWe uqobo. Yilelo hora esililangazelelayo. Yilolosuku esililindele ukuba lintwele, lapho siyakuMbona, O "walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi wachobozwa ngenxa yobubi bethu, futhi isijeziso sokuthula kwethu sibe phezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." SiKubonga kanjani ngalokhu!

33 Ngikhuleka, Nkosi, ukuthi Uzobusisa inceku yaKho engafanelekile, njengoba ngizama ukukhonzisa abantu baKho. Ubanike okuthile okuyosisondeza sonke kuWe. Kwangathi singasuka kulesi sakhiwo, kulokhu ukusa, umKristu ongcono kunalokho ebesiyikho ngenkathi singena. Futhi kwangathi, uma engaba khona lapha ongalungile, Nkosi, sengathi bangasuka esakhiweni kulokhu ukusa, ngenhliziyo ejabulayo, bethokoza ngoba bathole leloParele lenani elikhulu, elisinda ukwedlula zonke ezinye izinto zokuphila kwabo.

34 Besingacela, futhi, Nkosi, ngalabo abagulayo nabahluphekileyo. Kwangathi bengedinge ukulinda inkonzo ekhethekile kulobubusuku, kodwa kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungamthinta lowomuntu kulokhu ukusa. Baphe umusa waKho.

35 Nginenhlanhla, ngibuka owesifazane ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, owahlangana nathi, futhi wathi, "O, Mfowethu Branham, kubonakala sengathi isifo esesabekayo, owasiqalekisa ngesinye isikhathi eGameni leNkosi, sizama ukubuya futhi. Kodwa ngiphumule ngesizotha phezu kuka ISHO KANJE INKOSI." Futhi ngenkathi odokotela sebemhlolile uDadewethu Bruce, bamthola "engenaso."

36 Siyabonga, Nkosi, ukuthi Uyaligcina iZwi laKho. Isithembiso sakho siyiqiniso kakhulu! Kwangathi kungaba ngu

ISHO KANJE INKOSI, kulokhu ukusa, kuso sonke isidingo esisidingayo.

37 Besingakhumbula labo abasesibhedlela, nasekhaya, futhi ikakhulukazi uMfowethu Rogers. Kwangathi umusa nesihe saKho, uma kuKuthokozisa, Nkosi, khuluma kulokhu ukusa embonweni futhi usibonise nje lokho esifanele sikutshele umfowethu.

38 Singabantu baKho, silindele ukuzwa iZwi laKho. Kuze kube yilapho sizwa, sizobe sithemba ngawo wonke umzuzwana. Thela izibusiso zaKho phezu kwabo bonke. Busisa ukufundwa kweZwi. Futhi sizoKunika lonke udumo nayo yonke inkazimulo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

39 Ngifisa ukuba nonke niphenye esahlukweni sama 21 sikaMathewu oNgcwele, uma nithanda. Futhi sizofunda ingxenye yeZwi, siqale ngevesi 1.

> *Kwathi ukuba basondele eJerusalema, kwathi* lapho bafika *eBetfage, ngasentabeni Yeminqumo, uJesu wathuma abafundi ababili,*
>
> *Wathi kubo, Hambani* niye *emzaneni obhekene nani,* ni*zakufumana masinyane imbongolo ikhulekiwe, nethole linayo: zithukululeni, nizilethe kimi.*
>
> *Uma umuntu esho utho kini,* a*nothi, INkosi iyazidinga; uyakuzithumela masinyane.*
>
> *Kepha lokho kwenzeka, ukuba kugcwaliseke okwashiwo ngumprofethi, othi,*
>
> *Yishoni kuyo indodakazi yaseSiyoni ukuthi, Bheka, iNkosi yakho iza kuwe, imnene, . . . ikhwele embongolweni, yebo etholeni inkonyane yembongolo.*
>
> *Abafundi bahamba, benza njengokuba uJesu ebatshelile,*
>
> *Baletha imbongolo nethole, babeka izingubo zabo phezu kwazo, futhi . . . bamhlalisa* phezulu, lapho phezulu.
>
> *Iningi lesixuku lendlala izingubo zalo* ezindleleni*;* futhi *abanye bagawula amahlamvu emithini, bawa*sakaza *endleleni.*
>
> Isixuku *ezazihamba phambili, nezazimlandela, zamemeza, zathi, Hosana kuyo iNdodana kaDavide: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi; Hosana kweliphezulu.*
>
> *Kwathi esangena eJerusalema, umuzi wonke wanyakaza, wathi, Ngubani lo?*
>
> *Futhi isixuku sathi, Lo nguJesu umprofethi waseNaz- . . . laseGalile.*

40 Ngifuna ukufunda, noma ukuthatha kube yindaba kulokhu ukusa, lawomazwi okugcina amathathu evesi 10: *Ngubani Lo?* Futhi sengathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

41 Kumelwe ukuba kwakucishe, ake sithi, cishe ihora leshumi nqo ngoLwesihlanu ekuseni. Futhi abantu base bevukile kusukela ekukhanyeni kwelanga, bezulazula emzini. Kwakugcwele kakhulu, ngaleso sikhathi, e. . . Babelele ngaphandle kwezindonga zomuzi, phansi, ematendeni abo, noma kuphi lapho ababengathola khona indawo yokulala phansi. Ngoba, lesi senzakalo esikhethekile sasidonse abantu kuwo wonke umhlaba owaziwayo.

42 Sasibizwa ngokuthi umkhosi wephasika, owawugcotshwe nguNkulunkulu, kumaJuda, le eminyakeni yokuqala yomlando wabo. Kwakulapho iwundlu lomhlatshelo lalizohlatshelwa khona, futhi kwenziwe ukubuyisana ngezono zabantu.

43 Futhi lokhu, ukuba minyaka yonke, njalo ngonyaka kwenzeka. Kodwa ngalesi sikhathi kwakuyisenzakalo esikhethekile. Kwakunokuthile okuhlukile okuzoba khona ngalesi, niyazi. Futhi, ngokuvamile, lapho sinezinkonzo, sinenkonzo yethu evamile neyethu. . . senze ukukhonza kwethu, futhi sikhokhe okweshumi kwethu, futhi sibuthane emabandleni ethu futhi sihlanganyele nabantu bethu. Kodwa, niyazi, lapho uJesu efika, kuhlala kuyinto ekhethekile. Kukhona nje esingaksho. Kwakunokulindela okukhulu. Umoya wawubonakala sengathi ugcwele okuthile.

44 Futhi lokho kuyocishe kuhambisane ngokulinganisana nesikhathi manje. Umoya namuhla ugcwele ukulindela kokuFika kwaKhe kwesibili.

45 Baningi emzini ngalesosikhathi, ababengazi lutho ngakho, njengoba nje ekhona ezweni namuhla. Futhi babebaningi, uma bezwa, babeyoba nendaba kancane ngakho. Futhi kukanjalo emhlabeni namuhla, ngoba ezinye izinto zihunga kakhulu kune. . . kwabesilisa nabesifazane bomhlaba, kunesiphetho saPhakade somphefumulo wabo.

46 Kodwa kwakukhona abanye abakholwa kuYe. BabeMlindele ukuthi afike, futhi bazi ukuthi into ethile ekhethekile yayizoba lapho. Kukhona okwakuzokwenzeka. Ngokuba uJesu angefike, noma ngasiphi isikhathi, ngaphandle kokuthi kwenzeke okuthile okukhethekile. Njalo into entsha, lapho Evela. Futhi bagcwala ukulindela.

47 Kodwa into embi ngakho konke lokhu, kwakunabaningi abangazange baMbone, abakaze bakwazi ukuMbona ngenkathi Efika. Futhi lokho kungenye yezinto ezidabukisayo ngenamuhla. Kuyoba nabaningi abangeke baMbone lapho Efika.

48 Kodwa kuyoba khona insali. Kuyoba khona labo abamaziyo uNkulunkulu, futhi abalindile, futhi abagcwalisiwe. BazoMbona. Ngokuba Uyofika njengesela ebusuku. Siyohlwithwa ukuhlangana neNkosi emoyeni, ukuhamba okuyimfihlo kweBandla.

49 O, ngiyanitshela, ukwazi konke lokhu, ngaphambili kokuba kwenzeke, ngeZwi leNkosi, sifanele sikhuleke futhi sitadishe ihora ngalinye lokuphila kwethu, silungiselela leso sehlakalo esikhulu. Futhi ngenkathi umoya usagcwele uBukhona baKhe, futhi sisakholwa, nabefundisi abagcotshiweyo beVangeli bakhipha imibani eyinhlakanhlala yesixwayiso, sifanele silungiselele, nganoma yimuphi umzuzu, leso sehlakalo esibusisekile, lapho sizobona wonke ofele kuKristu, kudabule eminyakeni. Lapho sizobona uJesu eza ukuzolanda iBandla laKhe, khona-ke siyohlwithwa ukuMhlangabeza emoyeni.

50 Kwakukhona abaningi abangaMbonanga ngalolo suku. Futhi ngenkathi besalindile, ngicabanga ukuthi, kusukela ekuntweleni kokusa, amabandla amancane abuthana ezindaweni ngezindawo emzini, futhi basebexoxisana, bethi, “Ngiyazibuza ukuthi Uzoba lapha ngePhasika.”

51 Ngiyamuzwa umfundisi omdala weqiniso esukuma ethi, “Yebo, bandla, singaMbheka, ngoba UyiWundlu.” Othile ophefumulelwe ngoMoya oNgcwele, owayemazi uNkulunkulu futhi eyazi imiBhalo yaKhe, futhi ekwazi ukuthi ukugcwaliseka kweZwi laKhe kwase kuseduze. “Uzoba lapha, ngaphandle kwethunzi lokungabaza, ngokuba UyiWundlu lephasika.”

52 Khona-ke ungacabanga ngenkathi lelibandla libuthana nebandla elincane ngasesangweni, futhi emva kwesikhashana bathi, “Angahle angene nga*leli*sango, noma Angahle angene nga*lelo*sango.” Kodwa akwenzanga mehluko ukuthi yiliphi isango Angena ngalo. BabezoMbona, noma kanjani, ngoba kwakuyisithembiso.

53 Noma ngabe Uza namuhla ngefu, noma ngehhashi, akwenzi mehluko kimi ukuthi Uza kanjani. SizoMbona, noma kanjani, ngokuba yisethembiso uNkulunkulu asinikeza.

54 Futhi babelindile ngokulangazela. Imikhosi yayilungiselela ukuqala ethempelini. Amanzi ayesevele ephuma edwaleni, lapho ibandla lalingena khona lizokhuleka. Umpristi wayegqoke izingubo zabo ezinde kanye nokwabo—kwabo. . . yonke imvunulo yabo yemikhosi. Ibandla ngalinye lalibuthene endaweni yalo efanele, abaFarisi ekhoneni labo nabaSadusi ekhoneni labo.

55 Uma leso kungesona isithombe sanamuhla, angikwazi. AmaMethodisti kwelinye ikhona, amaBaptisti kwelinye ikhona, amaPresbyterian kwelinye ikhona. Kodwa, ndawondawo, behlakazekile phakathi kwabo, ngamaqembu amancane, yiBandla likaNkulunkulu ophilayo, linganaki imikhosi, kodwa

lilindele ukubonakala kwaKhe, lilindele lowomzuzwana obusisekile. Kuyilapho bonke abanye bekhathalele umcimbi, umkhosi wamadokodo kanye namasiko ezenkolo, kodwa uMoya kaNkulunkulu uye wagcwalisa izinhliziyo zethu, ukuthi siyazi ukuthi Uyeza masinyane.

56 Futhi lapho belindile, khona manjalo, kusukela esiqongweni segquma kufika ibandla elincane lehla, Omunye ehlezi komncane, umnyuzi omhlophe, uza kancane ngasesangweni. Abantu baqala ukudazuluka, bephula amahlamvu ezihlahleni, futhi bephonsa izingubo zabo emgwaqeni, bempongoloza, "Hosana kuLowo oza eGameni leNkosi!"

57 Futhi lapho umnyuzi omncane uya phambili, ugcwalisa imiBhalo yomprofethi, wathi, "O ndodakazi yaseSiyoni!" Niyabona ukuthi kwakuyini na? KwakuyiBandla, eliKhethiweyo. "INkosi yenu iza kini, imnene futhi ithobekile, ihlezi phezu komnyuzi omncane, igibele."

58 Futhi namhlanje, ngenkathi iBandla lisalindile, ngolunye lwalezizinsuku, owehla evela ezibhakabhakeni, Uzofika egibele ihhashi elimhlophe. Niyaqaphela ukuthi okumhlophe kuhlala kumelwe na? Umnyuzi omncane, omhlophe, Weza, wawuyisithunzi sokuza, uhamba phambili, nesambatho saKhe sicwiliswe eGazini, iGama elikuYe, "IZwi likaNkulunkulu." Lokho ngukuza kwaKhe manje. Amaqembu amancane abuthene, ebheka, elindele lokho kubonakala. Futhi yeka intokozo okuyoba yiyo lapho siya phambili, siphula amahlamvu, simemeza kakhulu, "Hosana kuYe ozayo eGameni leNkosi."

59 Kuletha isiyaluyalu esinjalo phakathi kwabantu, amaMethodisti namaBaptisti angalolosuku, abaSadusi nabaFarisi, nabanye abehlukene, baze bathi, "Ngubani Lo ozayo na? Kumayelana nani konke lokhu kuphazamiseka na? Asiboni lutho oluthusayo ngakho. Kukhona nje uMuntu, futhi Ugibele umnyuzi omncane. Akukho okumele uthuswe ngakho. Kungani konke ukuqophisana nokuqhubeka na? Ungubani Wona na?"

60 Ngaphambi nje kokuFika kweNkosi uJesu, Wathumela uMoya oNgcwele eBandleni, ngalolusuku lokugcina. NoMoya oNgcwele ube ngufakazi wokuvuka kwaKhe, futhi ufakazisile ukuthi Uyaphila. Futhi Uyeza. NeBandla liyaZilungiselela. Futhi njengoba sibona iBandla Lizilungiselela, lideda ekuphingeni, lideda ekukhonzeni izithombe, lideda ekukhanukeleni ucansi nakuyo yonke imisebenzi yenyama. Thina, iBandla nabantu, sibona amabandla amancane ehlangana ndawonye, eyeka ukuphuza kwawo, eyeka ukuqamba kwawo amanga, eyeka ukuxoxaxoxa, eyeka konke okungokwenyama, ezilungiselela, ememeza ngawo onke amaphimbo awo, futhi eshaya izandla zawo futhi ememeza ukunqoba.

61 Abantu bayamemeza, “Ngubani Lo?” Abaqondi. Abazange baqonde ngaleso sikhathi; Uza, emnene futhi ethobekile, weza egibele umnyuzi. Futhi Uza, namhlanje, kwabampofu nabahluphekileyo. Lapho, bonke abanye bathi, “Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Konke kuyisigejane sombhedo. Akukho lutho kukho.”

62 Kodwa ngokufanayo nje, Uyafika, efakazisa ukuvuka kwaKhe. Zonke izibonakaliso Azenzayo emhlabeni, Uyazenza khona manje ngesimo sikaMoya oNgcwele. Kukhona ukulindela phakathi kwabantu. Balindele leso sehlakalo esikhulu sokusondela kwaKhe ngokushesha. Siyazi ukuthi ngeke kuthathe isikhathi eside size siMbone Lowo esasimthanda. Futhi siyakholwa ukuthi akuzukuthatha isikhathi eside kakhulu manje kuze kube zonke izinto ezaprofethwa emiBhalweni zizogcwaliseka.

63 Manje, kulelobandla ngalolosuku, kwakunombono ohlukene. Abanye babo bakhala, “Ungubani Wona na? Yini edala konke lokhu kuxokozela na? Kungani lesosigejane sabaseGalile, abagingqiki abangcwele, bedazuluka futhi beqhubeka kanjalo na?”

64 Ngiyabona omunye umfundi omdala omuhle ekhuphuka ethi, “Anazi yini, bazalwane na? Lowo nguMprofethi waseGalile. Lowo nguJesu waseNazaretha, okwakhulunywa ngaye yimiBhalo. Anazi yini ukuthi umBhalo uthi, ‘Uyakuza, egibele ithole lembongolo na?’ Futhi Uyongena kubantu baKhe. Futhi kungalesosizathu ukuthi baqhubeka ngendlela abayiyo. Kade sisemihlanganweni yaloMuntu. SiMbonile evusa abafileyo. SiMbonile evula amehlo ezimpumputhe. SiMbonile emi lapho futhi ebuka phezu kwebandla laKhe, futhi, ‘Nizindlani enhliziyweni yenu na?’ SiMbonile enza izibonakaliso ezinkulu, futhi siyazi ukuthi lowo nguMesiya.”

65 Babeyisixuku esixubile. Abanye bathi, “Awu, kungahle kube ukuthi Wa*yengaba* yinto enjalo.”

66 Manje, ingabe leyo akuyona indlela abazizwa ngayo namuhla na? “Kumayelana nani konke lokhu na? Ingabe ikhona into efana noMoya oNgcwele na? Yini eyenza labo bantu benze ngendlela abenza ngayo na?”

67 Ngani, kuwukunambitha ngaphambili kwenkazimulo yaphezulu. AMandla. NguMoya oNgcwele olapha emhlabeni, umele uKristu, isithunzi nje sokuFika kwaKhe. Zonke lezizinto kwaprofethwa ukuthi zaziyokwenzeka ngaphambi nje kokuba Abuye. Futhi siyakwazi. Yingakho sixhuxhuma ngakho. Yingakho sinogqozi ngakho.

68 Kwenza noma yimuphi umehluko ukuthi abanye abantu bathini, lokho akunandaba nakancane. Abantu bathi, namuhla, “Ngubani lowo na?”

69 Ngalolo suku, bathi, "Asazi ukuthi Ungubani, uJesu waseNazaretha. Awu, sizoya ngale futhi sicinge ezincwadini zemithetho, futhi sizothola uma Ubengowa*leli*hlelo. Sizothola ukuthi noma ngabe WayengumFarisi noma umSadusi, noma uHerodi, kumbe noma Angahle abe yini. Sizocinga." Futhi abakwazanga ukuthola irekhode lokufunda kwaKhe esikoleni, lanoma yisiphi isiqu Ayenaso. Base-ke bebuya futhi, "UNgubani na? Akayena owanoma yimaphi amasiko ethu. Akahlangene nanoma yimuphi owethu. . . Akahlangene nanoma yibaphi esisebenzisana nabo. Akanazo iziqu. Asinalo irekhodi laKhe eya esikoleni. Akazange abe sekholiji lenkolo. Akatholwanga futhi nase—e. . . ku*lezi* zincwadi noma *lezo* zincwadi. AsiMboni ndawo. Ungubani na?"

70 Izincwadi zaKhe ezimchazayo kwakuyimisebenzi uNkulunkulu aMnike yona ukuba ayenze. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa."

71 Babenendlela yabo siqu yokukholwa, ngezincwadi ezimchazayo zomuntu, ngehlelo ayengowalo. Njengoba kunjalo nje namuhla, waziwa ngezincwadi ezimchazayo zehlelo lakhe.

72 Kodwa umuntu kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele ophakathi kwabantu, ungena kubantu, ungene kumfundisi, ungene ebandleni, futhi ukhombe ukuthi Uyini; hhayi ngehlelo, kodwa ngaMandla okuvuka kukaJesu Kristu, kubikezela ngaphambili ukuFika kwaKhe. O, ihora elinje esiphila kulo pho! Izintende zezandla, izingubo emhlane, zilungele ukugwedla endleleni, "Ubusisiwe Oza eGameni leNkosi!" Yini efika eGameni leNkosi na? UMoya oNgcwele. Lapho Efika, Uyokukhombisa izinto ezizayo. "Akazukukhuluma ngaYe uqobo, kodwa Uyokhuluma ngaMi," kwasho uJesu. NoMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza umsebenzi Wawo eGameni leNkosi uJesu. Kusuka le epulpiti kuya echibini lokubhaphathiza, kuya enkonzweni yokuphulukisa, kuya kuyo yonke enye indawo, "eGameni likaJesu Kristu," sibheke ukuFika kweNkosi, silungiselela iBandla njengomanduleli. Njengoba uJohane umBhaphathizi endulela ukufika kokuqala, uMoya oNgcwele useBandleni, wandulela, ulungiselela iBandla ukuFika kwesibili.

73 Futhi umhlaba uyamemeza, "Ngubani lo? Bavelaphi na? Yiziphi izincwadi ezibachazayo abanazo na? Baphuma kuziphi izikole na?" Awubatholi kwirekhodi. KuseNkazimulweni, lapho bevela khona. EZulwini kulapho amarekhodi abo ekhona. Ngokuba uMbuso wabo awusiwo owaleli zwe, kodwa ungowezwe elizayo. Isifiso sabo asisona esalelizwe. Singesezwe elizayo; izimfashini zabo, izifiso zabo. Yingalesosizathu ukugqoka, nokwenza, nemikhuba yabantu bezwe iphambene kakhulu.

74 Ngokuvamile uyokwenza, wena, ngokuvamile uyokwenza njengomoya okuwe. Ugqugqumezela impilo yakho. Ukwenza ube yilokho oyikho, ngukuphila okukuwe. Futhi lapho abesilisa nabesifazane bezibiza ngamaKristu, futhi besafuna ukufana nezwe, kukhona okungalungile ndawondawo, ngokuba asisibo abalelizwe. Ngokuba umoya wethu, uma singamaJalimane, siyothanda iJalimane. Ukube besingabaseFinland, besiyokwenza njengoba benza eFinland. Uma bengamaMelikana, banomoya waseMelika. Uma singamaKristu, sinoMoya waseZulwini. Futhi imimoya yethu ivela Phezulu. Lokho kuqondisa izimpilo zethu kanye nemicabango yethu. Lokho kungukumesaba uNkulunkulu, uthando lobuzalwane; impilo ehlanzekile; abantu abahloniphekile, abahlonishwayo.

75 Manje, phakathi lapho, bathi abanye babenaYe, abanye babemelene naYe.

76 Manje, kukhona abantu namuhla abamelene ngokuqinile nakho konke okubizwa ngokuthi uNkulunkulu; ayikho inkolo. Futhi baseningi kakhulu, ezweni lakithi. Emhlabeni wonke, basebuningini kakhulu, izigidi nezigidi ezingakaze zilizwe iGama likaJesu Kristu. Basebuningini.

77 Bese kuba nalabo abazisho ukuthi bangabenkolo. Futhi bayathanda ukufaka imikhosi yabo. Bathanda ukuba yizicukuthwane. Bayathanda ukugqoka, nokuya esontweni nokuba nohlobo oluthile lwamahubo, kanye no—umyalezo omncane wohlobo oluthile, bakhuluma ngoNkulunkulu owayekhona, base-ke beMbeka emuva kude kakhulu emlandweni, kangangokuthi Angeke anyakaze, ukuthi Wayeyinto eyayikhona. Bafuna ukusho ukuthi, "UJesu uqinisile. Wayengumfo olungile. WayenguMuntu omkhulu. WayenjengoWashington, akazange aqambe amanga; noma njengoNapoleon." Leso isimo sabo sengqondo ngoJesu. Bacabanga ukuthi Wayeyindoda elungile nje. Abaningi babo namhlanje abaMusho ukuthi ungonobuNkulunkulu. Basho nje ukuthi Wayeyindoda elungile, ukuthi ukufundisa kwaKhe kwakulungile. Abanye babo bayaMkholwa ukuthi ungumprofethi nje.

78 Kodwa kukhona labo abaya ngaleya kwalowo mngcele. NgiyaMkholwa ukuthi unguNkulunkulu, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," ukuthi Wayengesuye nje umprofethi, ukuthi Wayengesuye nje umuntu, ukuthi Wayengesuye nje umfundisi, noma indoda elungileyo. WayenguJehova uNkulunkulu onobuNkulunkulu ophila emzimbeni wenyama. Ungangibuza, "Ngubani Lo?" Yilokho umbono wami ngaYe oyikho. UnguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni, ukususa izono zezwe. "Ngubani Lo?" Hhayi nje umuntu, hhayi nje umprofethi, kodwa u-Emanuweli,

uNkulunkulu unathi. Khona-ke, hhayi kuphela nathi, kodwa kithi, ngathi, uNkulunkulu phakathi kwethu.

79 Khona-ke, uma lokho kuyiqiniso, uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo akakwazi ukuguqula imvelo yaKhe ukuze ifanelane nemvelo yabantu. Abantu kufanele baguqule imvelo yabo ukuze ifanelane nezinhlelo zikaNkulunkulu ezingaphezu kwemvelo. Yingakho abantu bekhala, "Ngubani Lo?" NguNkulunkulu phakathi kwabantu baKhe. Abakuqondi. UNkulunkulu akasoze afike ezingeni lakho. Uzofanele afike kwelaKhe. UNkulunkulu ngeke eze esidingweni sakho. Ufanele ufike kwesikaNkulunkulu. Bese kuthi-ke uma lesosidingo sekuhlangatshazwane naso, phezu kwesithembiso uNkulunkulu asenzayo, ukuhlenga abantu. Uma sekuhlangatshazwane naleso sidingo, bonke ubuwena bakho kuyashintsha. Ukucabanga kwakho kuyashintsha. Imikhuba yakho iyashintsha. Konke ngawe kuyashintsha. Izifiso zakho ziyashintsha. Ukuphila kwakho kuyashintsha. Imikhuba yakho iyashintsha. Uyashintsha. Yonke into ngawe iyashintsha, ngoba kukhona ukuPhila okusha kuwe.

80 Yilokho okwenza abantu namuhla bathi, "Ngubani lo? Ingabe lo yilowomfo owayevame ukusebenza lapha na? Ngabe *lona* yilowo na? Ngubani lo?" "Wasifunda kuphi isikole na? Yiziphi izincwadi ezimchazayo aziphathayo na?" kusho abashumayeli. Kuphi . . . "Ubani lo wesifazane na? Akuyena lowo wesifazane engangijwayele ukumbona laphaya esitaladini na?" Yebo. "Yini indaba ngaye na?" Kukhona okwenzekile. "Akusiye lona wesifazane owayevame ukugqoka izikhindi na?" Kodwa kukhona okwenzakalile. "Akuyona yini le ndoda eyayivame ukubhema izigazu na?" Kodwa kukhona okwenzakalile. "Akuyona yini le ndoda eyayivame ukuphuza na?" Kodwa kukhona okwenzakalile. "Akuyena yini lona owesilisa nowesifazane ababevame ukuthuka nokuya kumanayithiklabhu na?" Kodwa abasakwenzi. "Ngubani lo?" NguMoya oNgcwele, uMuntu kaNkulunkulu, ephila kubo. "Ngizokwehla ngiye emabandleni abo, ukuthola ukuthi yini indaba."

81 Njengoba kwenza abaFarisi, bathi, "Sizokwehlela esangweni. Sizothola ukuthi bathini. Sizobona ukuthi Ungubani loMfo, kulo omncane, umnyuzi omhlophe, egibele ehla egqumeni."

82 Futhi lapho befika emasangweni, lababantu babanesikhathi ngempela. Badazuluka futhi bampongoloza. Bamemeza badumisa iNkosi.

83 Futhi kwakuphambene kakhulu nenkolo yabo yangalolosuku, labobapristi norabi bemi bezungezile. Bathi, "Bathuliseni. Ngeke sikwazi ukuzwa ukuthi udokotela uzothini, noma ukuthini, umfundisi ohloniphekile. Bathuliseni."

84 UJesu, ngiyaMbona lapho Ephenduka, wathi, "Uma bethula, amadwala azokhala ngokushesha." Kukhona okwakufanele kwenzeke.

85 Uthi, "Ingabe amadwala abengakhala na?" Yena impela uNkulunkulu owawadala wayegibele phezu kwawo. Kungani bengakwazanga, "Babathulise"? Abakwazanga ukubathulisa.

86 Kungaleyondlela namhlanje, lapho ibandla libuthene ndawonye. Leso isibikezelo sokubonakala kwaKhe, uMoya oNgcwele uqala ukuphefumula phezu kwabo. Babona lezozibonakaliso nezimanga zenziwa nguMoya oNgcwele. Abakwazi ukuthula. Kukhona okuzomemeza.

87 Futhi ibandla lezwe lathi, "Ngubani Lo? Kumayelana nani konke lokhu na? Ingabe ungomunye wabo na? Yini ebangele konke lokhu na?" Abakuqondi. Futhi abakuqondi namuhla. Abazange bakuqonde ngaleso sikhathi. Abasoze bakuqonda.

88 Ukugcotshwa kukaMoya oNgcwele kulethe lokho emhlabeni webandla. Kulethiwe. Niyabo?

89 Kukhona izigaba ezintathu. Ongakholwayo, umzenzisi, nekholwa langempela. Futhi izikhathi eziningi, abazenzisi bangena phakathi kwamakholwa angempela, futhi bayamemeza, nokho, "Ungubani Wona na?"

90 Ngubani Lo ozongena ebandleni, oyoligcoba lize likhulume ngezilimi, futhi omunye anikeze incazelo, atshele isoni ncamashi izono zaso nokuthi sikuphi na? Ngubani Lo omile, nowesifazane ongafundile ongakwazi ukufunda igama lakhe, futhi uzoma ngaphansi kogcobo lukaMoya oNgcwele futhi akhulume amazwi angakaze awezwe na? NomMexico uyasukuma ebandleni futhi athi, "Ngawaqonda wonke amazwi akho. Futhi ungibize ngisho ngegama, futhi ungibizile ukuba ngiphenduke. Futhi uNkulunkulu makawuhawukele umphefumulo wami." Ngubani Lo? Ungubani Wona ongathola umlimi ongafundile, futhi angama ngaphansi kokuphefumulelwa, futhi atshele indoda ukuthi ingubani, nokuthi ivelaphi, nokuthi kwenzekani kuyo, nalokho efanele ikwenze, nokuthi kuyoba yini umphumela wayo.

91 Umhlaba uyadazuluka, "Ngubani Lo? Kuyini Lokhu? Kwavelaphi?" NguMoya oNgcwele, uvela kuNkulunkulu. "Ngayiphi injongo na?" Ukulungiselela abantu, ubanike isimo sendawo saseZulwini, isifiso sokukhuphukela phezulu.

92 Manje, akusikho okuningi kakhulu kwalokho abanye abantu abakucabangayo, lokho. Into esicabanga ngayo namhlanje ekuseni, ngukuthi, "*Wena* ucabanga ukuthi Kungubani?" Kukuwe nami.

93 Ngabe yinhlanganyelo nje yehlelo elibizwa ngePentecostal, ichurch of God, iPilgrim Hol-. . . noma iNazarene, noma into ethile efana naleyo, ichurch of God, i-Assemblies of God, ibandla

i-United Pentecostal na? Ngabe yilokho Okuyikho na? Uma kunjalo, ungolusizi. Yilokho-ke nje, inkolo yakho iyinkolo nje. Ayinayo insindiso kuyo.

94 Kodwa uma ubungaKuhlola, futhi uKuthole, emphefumulweni wakho, kunguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, bese-ke, "Ubusisiwe Oza eGameni likaMoya oNgcwele!" Hosana kweliphezulu, kuLowo oza ngoMoya oNgcwele, ngoba NguMoya kaJesu Kristu uQobo eBandleni laKhe, enenza amadodana namadodakazi aKhe, eninika imvelo yaKhe. Ngokuba niyophila noBaba, futhi, ezikhathini zaPhakade ezizayo.

95 "Ungubani Wona na? Kumayelana nani konke lokhu na?" Futhi ukuFika kukaMoya oNgcwele bekulokhu kuletha okunjalo.

96 Ezinsukwini zikaNowa, lapho uMoya oNgcwele wehlela phezu kukaNowa, wayeseqala ukuprofetha, futhi waqala ukusho ukuthi siyeza isikhathi lapho umhlaba uyobhujiswa ngamanzi. Bukani ukuthi kwakuphambene kanjani nenkolelo yabo. "Kwakukhona abahleka usulu nabaklolodelayo," kwasho iBhayibheli, "ukuhlekisa." Babedla, bephuza, futhi bethokoza, bahleka ebusweni balowomprofethi, futhi bamangala, "Kwakuyini?" Ngokushesha bathola ukuthi kwakungubani.

97 Njalo uma uMoya oNgcwele ufika, Uletha ukwehlukana phakathi kwabantu. Uletha isikhathi lapho umuntu okumele ame futhi enze isinqumo. Uza kuwe. Uza kimi. Sifanele senze izinqumo zethu.

Ufika ezinsukwini zikaNowa.

98 Uyafika futhi ngesikhathi sikaMose, ngenkathi uNkulunkulu egcoba inceku yaKhe ngoMoya oNgcwele, wamthumela ezansi eGibhithe. Abanye bathi, "Ubani lendoda enamandla adlulele na? Ubani lo mfo ongazenza umbusi phezu kwethu na?" UMose wayengafisi ukuba umbusi. Wayelethela abantu iQiniso. "Wenzani na? Uhlukanisa izinkolo zethu."

99 Yilokho abakusho ngoJesu. "Uyazilahla izinkolo zethu," ngoba yikho konke ababenakho.

100 Kwakunjalo nangezinsuku zikaNowa, noma uMose. UMose wehla, futhi wadabula amasiko abo, futhi wabayisa ekukholweni okuphilayo kuNkulunkulu ophilayo, futhi wabahola besuka ekunqobeni wabayisa ekunqobeni, ngezibonakaliso nezimanga. Kwabakhuba abangakholwa. "Ngubani lo? Ubani lowo muntu na? Wazalelwa kuphi na? Sasicabanga ukuthi wayengumGibhithe. Lapha kanye nje, ufanele abe umntwana oyivezandlebe ndawo ndawo. Ubani oza kuleliGama na?" Bekuhlala kungaleyondlela.

101 Ngezinsuku zikaJesu, bathi, "UNgubani na? Akafundile. Asinazikole, asinarekhodi lokufunda kwaKhe esikoleni.

Asinahlelo Angowalo. UNgubani na? Into kuphela esake sayazi, kwakukhona enye indoda ehlanyayo phandle lapha, indoda yasemahlathini, igama layo linguJohane umBhaphathizi, izinwele zigcwele ebusweni bakhe bonke, futhi enqunu ingxenye, enesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, wamemezela ukuFika kwaKhe. Yena . . . Futhi Wazalwa ukuzalwa okungaphandle kwefindo lomshado. Umama waKhe wayezoba umama ngaYe, ngaphambi kokuba uJosefa aze aganwe umama waKhe. Ungubani Wona na?" Yilelo kuphela irekhodi ababenalo ngaYe. Malibongwe iGama leNkosi!

102 Yilokho kuphela abakwaziyo ngeBandla namuhla, "Isigejane esithile sabamba umgodi wesigxobo noma okuthize," alikho irekhodi nhlobo. Irekhodi aligcinwa ezincwadini zasemhlabeni. Livikelwe ngokwaphezulu eZulwini. "Ngubani lo? *Lo* kwakuyisidakwa. *Lo* kwakungu*kuthi-nokuthi*, *lokho*." Kunjalo. Kodwa manje useyindodana kaNkulunkulu, useguquliwe.

103 "Ngubani? Ngubani lo oza eGameni leNkosi na?"

104 Lapho uMoya oNgcwele ufika namhlanje, Uletha izinqumo ezifanayo. Ngamunye wethu unesibopho ngesinqumo sethu. Sifanele sikwenze. Ukhona lapha ngakithi. Ulapha nathi. Ayisekho indlela yokukuzungeza. Akukho esingakwenza ngakho. Sifanele siWenqabe noma siWemukele. UkuPhila okufanayo okwakukuKristu Jesu kuseBandleni namuhla. Kwenza imisebenzi efanayo. Kwenza izimangaliso ezifanayo. Kwenza konke Akwenza. Kuphulukisa abagulayo, kuvusa abafileyo, kuhlanza abanochoko, kukhipha amademoni, kushumayela iVangeli. Abampofu bayaKwamukela.

105 "Ubusisiwe ongakhubekiyo. Hamba ubonise uJohane," Wathi, "lezizinto ezenziwayo."

106 UJohane, etilongweni, iso lakhe lokhozi lase likuqophile. Iso lakhe lesiprofetho lalingakwazi ukubona njengoba lalike labona. Kodwa wayesengabona, ngenkathi Ethi, "Izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa. Futhi ubusisiwe ongakhubekiyo kwe—kweNgikwenzayo."

107 "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Futhi uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, uma ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi." Manje, lowo kwakungumlayezo waKhe. Yilokho Akusho, ukuthi kufanele kwenziwe. Yilokho esifanele sikwenze, ukwenza isinqumo. Sizokwenzani ngakho na? Kulapha. Ungubani Wona na? KuYini na? Kuyisithembiso sikaNkulunkulu, ngeZwi laKhe, ukuthi Uyokwenza. UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi siyakubona kwenziwa. Manje kukithi ukuthi senze isinqumo. Sizokhonza na? Sizoqonda na?

108 Wena uthi, "Ngizokwazi kanjani, mfowethu, ukuqonda izinto engingazi lutho ngazo na?"

109 UJesu wathi kuNikodemu, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone noma awuqonde uMbuso weZulu." Wathi, "Umoya uphephetha lapho uthanda khona, uyathanda, awukwazi ukwazi ukusho lapho uvela khona, noma ngabe lapho uya khona; ukuthi livela ngaphi, noma liyaphi, noma lapho belikhona. Unjalo wonke ozelwe nguMoya."

110 Anazi lapho Uvela khona, lapho Okade ukhona, noma lapho Uya khona. Kodwa nazi into eyodwa, lapho Ozoniyisa khona. Nomaphi lapho Uvela khona, Uzokubuyisela emuva naWo. Ngakho-ke, namhlanje, kusifanele, ukwazi esikwenzayo, sikuqonde. Manje, uma kungafakazisi okweZwi, khona-ke akusiwo uMoya kaNkulunkulu. Uma kungaphulukisi abagulayo, kuphike, khona-ke akusiwo uMoya kaNkulunkulu. UNkulunkulu ungumphulukisi.

111 Kanye, njengoba kwake kwashiwo, "Kungani uNkulunkulu ake avumela isono ukuba size emhlabeni na?"

112 UNkulunkulu wayengubunye obubodwa ngesinye isikhathi. Kulobo bunye kwakuyizingxenye ezingahlukaniseki. Futhi WayenguMsindisi. Ngokwemvelo WayenguMsindisi. Uma kwakungakaze kube khona isoni, Wayeyoke abe uMsindisi kanjani na? Wayengeke asindise aze Avumele isono.

113 UNkulunkulu ungumphilisi. Futhi Angeke aphulukise ngaphandle uma kukhona ogulayo, ukuba amphulukise. Niyabo, ukuba bekungakaze kube khona ukugula, bekungeke kube khona umphulukisi. UNkulunkulu engumphulukisi, izingxenye ezingahlukaniseki zaKhe uQobo zaveza lezizinto. Kwakufanele kubekhona Okuthize ukuba kuphendule kuleyongxenye engahlukaniseki eyayikuNkulunkulu.

114 UNkulunkulu, igama elithi *Nkulunkulu*, lisho "into ekhonzwayo." UNkulunkulu wayefuna ukukhonzwa, ngakho-ke kwadingeka Aveze okuthile okwakuzoMkhonza. UJesu wathi kowesifazane emthonjeni, "UNkulunkulu unguMoya, futhi abakhuleka kuYe bafanele ukukhuleka kuYe ngoMoya nangeQiniso."

115 Ngakho-ke lapho uMoya kaNkulunkulu useduze, kuyokwenzekani na? Insindiso izokwethulwa, insindiso ezoletha ukukhonza ngokomoya. Hhayi ukucula amahubo, ngokuphelele, kodwa ukukhonza ngoMoya. Kufanele kuphambane kakhulu ekuhlakanipheni, kuyamangazwa yikho. Awukwazi ukuqonda uNkulunkulu ngokukholwa kokuhlakanipha. Ufanele uzalwe ngokusha. Kufanele kufike enhliziyweni. Kufanele kube isehlakalo. Futhi uma isehlakalo senziwa ngendlela ethile nguMoya oNgcwele, bese-ke kuba isimo esifanayo namandla afanayo nokuphendula okufanayo okwenzeka eBandleni, kuqala, sizobuya futhi, ngokuba nguNkulunkulu phakathi kwabo.

116 UJesu wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi . . .” “Ngi” isabizwana somuntu. “Ngiyoba nani, ngibe kinie, kuze kube sekupheleni kwezwe. Khona-ke imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Khona-ke ngenkathi leyomisebenzi ikhiqizwa eBandleni, ishukumisa abantu, abantu bangaphandle, njengoba yenza lapho emkhosini.

117 “Ngubani Lo? Yini indaba ngalabo bantu na?” Ngenkathi labo baseGalile beMbona eza phezu kwalowo mnyuzi omncane, badazuluka futhi bamemeza, futhi ba—baqhubeka njengesi—sigejane sabantu abadakiwe. Labo bapristi, babebenza babathulisa.

118 Wathi, “Uma bethula, amadwala azomemeza ngendlela efanayo.” Niyabo?

119 NgoSuku lwePhentekoste, lapho uMoya oNgcwele ungena kubantu, benza sengathi babedakiwe. Ngisho baze baklolodela futhi bahlekisa ngaWo, bathi, “La madoda agcwele iwayini elisha.”

120 UPetru wathi, “Nina madoda aseJerusalema, nani enakhileyo eJudiya, lokhu makwazeke kini, futhi nilalele amazwi ami, ngokuba laba abadakiwe njengoba nicabanga. Kodwa lokhu yikho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, ‘Kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.’”

121 Lapho lowoMoya ofanayo uthululwa phezu kwebandla labantu, imiphumela efanayo izokwenzeka. Ngoba awukwazi ukufaka impilo yomvini wamagilebhisi ethangeni futhi uwenze uthele amathanga. Uzothela amagilebhisi. “Baziwa ngezithelo zabo.” Ibandla liyaziwa. Umhlaba uyazibuza, “Ungubani Wona na? Yini lena eyenzekayo na?” Abaqondi ngoba abamazi uNkulunkulu.

122 Manje, uma sibona lokhu kufezeka, ncamashi njengoba uNkulunkulu asho, silindile manje. Kuyini na? UMoya oNgcwele wethula uKristu. Ngolunye usuku olukhazimulayo, hhayi ngaphesheya kommango, egibele umnyuzi, kodwa kuvela eNkazimulweni, kuyofika iNdodana kaNkulunkulu, esongwe ngokulunga kukaMoya kaNkulunkulu, igibele ihhashi elimhlophe, nesambatho saYo sicwiliswe eGazini, ibizwa “iNkosi yenkosi, noMbusi wababusi.” Uyoba iZwi likaNkulunkulu. Futhi okuMlandela esibhakabhakeni, kuyoba izinkulungwane eziyishumi ziphindwe kamashumi ezinkulungwane zezinkulungwane. Amabutho aseZulwini azofika naYe. Yeka isikhathi esikhazimulayo okuyoba yiso! Ukucula, kuyoba nokucula. Kuyoba khona ukumemeza.

123 Kuyoba khona usizi. Kuzoba khona ukukhala. Kuzoba khona ukukhala izinyembezi. Kuzoba khona isililo.

124 Uzomelwa kwelinye lalawo maqembu, mngani. Ngakho-ke yenza isinqumo sakho kulokhu ukusa, yiliphi iqembu ozoba nalo, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

125 Ngiyazibuza ngalesisikhathi ukuthi ngabe ukhona yini lapha ongakasenzi isinqumo sakhe, nokho, ngoJesu Kristu. Nokho, uke waba semihlanganweni, futhi waMbona enikeza ukubona kwezimpumputhe, ukuzwa kwizithulu, izinyonga zihamba, niMbona ekhipha yona impela imicabango emiqondweni yabantu, futhi ethi, "Ungu*sbani-bani*. Kungani wenze *lokhu* futhi wenze *lokho* na?" Khona impela Athi Uyokwenza. Futhi, nokho, awukakabi yinceku yaKhe. Awukaze uthole ufakazi.

"Akekho umuntu ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele."

Wena uthi, "Ngiyakukholwa ngoba iZwi lasho njalo." Yiqiniso lelo.

126 Kodwa iZwi liyasho, ukuthi, "Akekho umuntu ongathi uJesu unguKristu kuze kuba usumukele uMoya oNgcwele. Akekho ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele."

127 Awukakwemukeli lokhu namanje na? Futhi ungathanda ukukwemukela, ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni ngokuphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele. Manje ngiyavuma kuNkulunkulu ukuthi ngifuna uMoya waKhe oNgcwele empilweni yami, ungiqondise, ukuze ngiluqonde ngokugcwele lonke uhlelo lwaKhe Analo ngami ekuphileni, ukuze ngihambe naYe, njengenceku yaKhe." Ungasiphakamisa isandla sakho ngaphambi nje kokuba sikhuleke na? INkosi ikubusise, ndodana. INkosi ikubusise, dadewethu. UNkulunkulu abe nawe.

Asikhuleke.

128 Nkulunkulu onomusa kakhulu, njengoba sifundile eZwini laKho lapho ukuthi ngenkathi Ungena emzini waseJerusalema, lapho abantu baKho babebuthene khona, kwakukhona lapho ababeKulindele. Umoya wawugcwele ukuFika kwaKho. Wawuthembise ukuthi Uyoba semkhosini, Uyohlangana nabo lapho, futhi babeKubhekile.

129 Abanye babecabanga ukuthi Kwakungumbhedo. "Kwakungubani Lona, empeleni na? UmGalile nje, uMprofethi wokuzenzisa, uMuntu owayemenyezelwe ukuthi 'uyahlanya,' ngumkhandlu wamabandla. Ngani," bathi, "siyazi ukuthi Wena uyahlanya. Unodeveli, futhi ozomenyezelwa ngo 'muntu osangene.'" Nebandla laKhe lamenyezelwa lingeli "sangene." Futhi indoda eyaMethula, uJohane umBhaphathizi, wamenyezelwa njenge "ndoda yasendle, ehlanyayo evela ehlane, umhlalawodwa. Ngani, kwakungelutho." Amabandla kanokusho angalolosuku ayengawukholwa umlayezo onjalo.

Futhi leyomimoya eyayibababambile ebugqilini ibambe izigidi namuhla. Noma kunjalo abakukholwa.

130 Kodwa kulabo ababelindile, babazi ukuthi iNkosi yabo yayithembise ukuza emkhosini. Futhi babelindile, bebuthana esitaladini, nasemagumbini amancane, nanoma yikuphi ababengakwazi. Bekhuluma, futhi belindile, nesimo sendawo sonke sasigcwele ukufika kwaKhe.

131 Kunjalo-ke, namuhla, Nkosi. Wathembisa ukuthi sizoyiswa eMkhosini woMshado weWundlu. Uyoza uzolanda iBandla. Futhi sibona izibonakaliso zivela, ukuthi Uyeza, ngakho-ke sonke isimo sendawo sigcwele ukuFika kwaKho. Silindile. Bekukhona izandla eziphakamile kulokhu ukusa, Nkosi, ukuthi bebengakaqiniseki ukuthi bebezobizelwa kulowoMkhosi. Sibheke Wena ukuthi uze.

132 Basitshela ukuthi banamabhomu angaqhumisa umhlaba wonke ube yizicucu, ngomzuzwana owodwa. Bangabuka inkanyezi ngale eRussia, futhi bayicuphe isikhathi ncamashi eLouisville, eKentucky, ngomzuzu wokuhlukanisa. Shaya inyanga, futhi bakubikezela ngemizuzwana engamashumi ayisishiyagalombili. O Nkosi, sibona lezozinto zivela njengoba Washo nje ukuthi ziyoba njalo. Futhi bakwazi kahle ukufeza izinsongo zabo.

133 Futhi, Nkulunkulu, siphenya ikhasi futhi sibheke, ukuthi Wena uyakwazi ukufeza isithembiso saKho, ngokuba Wena unguNkulunkulu. Futhi silindele Wena ukuthi uze. Thatha lababantu ubangenise ekunakeleleni kwaKho, namhlanje, Nkosi. Baphe ukuPhila okuPhakade ngoJesu iNkosi yethu.

134 Yipha, labo abagulayo nabahluphekileyo, kwangathi bangaphulukiswa. Siphe inkonzo enkulu kulobubusuku, enkonzweni yokuphulukisa ezayo.

135 Busisa bonke, ndawonye, kuwo wonke amabandla amelwe lapha, abantu abehlukene bezigaba ezehlukene zokukholwa. Kwangathi bangaqonda ukuthi akusikho ukukholwa kwebandla abaya kulo, okubenza babe yilokho abayikho. Kuwukukholwa kwabo okungaxutshwe nalutho abanakho eNdodaneni kaNkulunkulu. Udumo lonke luyakuba ngolwaKho, Baba. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

> UJesu wakhokha konke. (Yilokho Akwenza.)
> Sonke esami is- . . . ngiyaMkweleta;
> Isono sasishiye ibala elibomvu tebhu:
> Waligeza laba mhlophe njengeqhwa.

136 Manje umlayezo usuphelile, asikhonze nje iNkosi, ekuculeni.

UJesu wakhokha konke.
Konke ngikukweleta Yena;
Isono sasishiye ibala elibomvu tebhu:
Waligeza labamhlophe njengeqhwa.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe! (IGama eliligugu!)
Udumo eGameni laKhe!
O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

137 Manje ake singabukani. Ake sibheke phezulu; siphakamise izandla zethu.

Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu esonweni,
UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi,
Lapho esiphambanweni lapho Angifaka khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe! (LeloGama eliligugu!)
Udumo eGameni laKhe!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

138 Manje ngifuna ukuthi niphenduke nixhawulane nomuntu othile ophambi kwakho, emuva kwakho, ohlangothini lwesokudla nesobunxele, ngenkathi sisacula leli.

Wozani kulomthombo ocebe kangaka nomnandi;
Phosa umphefumulo wakho ohluphekile ezinyaweni zoMsindisi;
O, gxumbuza namuhla, futhi upheleliswe;

Manje asiphakamise izandla zethu.

Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe!
O, udumo eGameni laKhe!
O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

139 Ingabe kukwenza uzizwe umangalisa, ukolojisisiwe manje, ulindile na? O, kumangalisa kanjani!

> Wozani kulomthombo ocebe kangaka nomnandi;
> Phosa umphefumulo wakho ohluphekile ezinyaweni zoMsindisi;
> O, gxumbuza namuhla, futhi upheleliswe;
> Udumo eGameni laKhe!
>
> Udumo eGameni laKhe! (IGama eliligugu!)
> Udumo eGameni laKhe!
> Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
> Udumo eGameni laKhe!

Ingabe lokho akwenzi okuthile kuwe na? Cabanga ngalokhu:

> Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu esonweni,
> UJesu uhlala kamnandi . . .

Hlala! "Hlalani kiMi, neZwi laMi kini."

> Lapho esiphambanweni lapho Angifaka khona;
> Udumo welaKhe . . .

Manje beka nje ingqondo yakho kuYe, njengoba uMkhonza.

> Udumo kwelaKhe . . .

140 Besingenzani, Nkosi, ngaphandle kwaKho na?

> Udumo . . .

Leli yihora lokubonakala kwaKho. Uyeza masinyane, Nkosi.

> Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
> Udumo eGameni laKhe!

141 O, he! Kukhona okuthize ngalokho, kuvele kudlule kimi kuze kube yilapho yonke imithambo esemzimbeni wami ivele iqhaqhazele. Lowo nguMoya oNgcwele lapha. Mm! [UMfowethu Jackson ukhuluma ngolunye ulimi, futhi anikeze ukuhumusha—Umhl.] Amen. Makabongwe uNkulunkulu. Yilokho ebengikhuluma ngakho.

> Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi waPhezulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa zonke izono zami,
> O, makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho wonke!

142 Ngicule lelo ngenhloso. INkosi inginike indikimba yalobubusuku, ngalokho kuhunyushwa. "IZwi laMi." Niyabo?

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinsizi, nokwesaba,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

143 Eminyakeni emibili eyedlule, emihumeni okukhwezwa kuyo izidumbu eSaint Angelo, emihumeni okukhwezwa kuyo izidumbu eRoma, ngangimi ezansi lapho. Ngase ngibuka ezansi lapho, futhi ngabona lapho ababeqophe khona isithombe salabo abangcwele, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, sikaJesu. Omunye wabo ethwele imvu elahlekile emhlane waKhe; omunye ephulukisa abagulayo nabahluphekileyo. Ngema lapho, ngiphakamise izandla zami *kanje*, Ngacula:

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,

144 Ngabe sengiphuma-ke lapho, ngaya kuleyondlu enkulu yezemidlalo, futhi ngema emagcekeni lapho, lapho ababephakela abangcwele amabhubesi. Futhi izingwenya ezinkulu zababulala. Ngacabanga, "O Nkulunkulu! Ukholo lobaba bethu, lusaphila namanje, luvutha enhliziyweni yami! Nkosi, ungaluvumeli lusuke lapho. Kanjalo ungangivumeli ngike ngiphambuke ngisuke kuWe." Kunjalo. NgiMthanda kanjani!

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Umuncwe emthanjeni ka-Emanuweli,
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
Kusuke lonke ibala lecala lazo.
Kusuke lonke ibala lecala lazo,
Kusuke lonke ibala lecala lazo;
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
Kusuke lonke icala labo . . .

145 Awujabule ngokuthi ukwenzile lokho na? Angazi noma singavele sivale amehlo ethu. Sithi:

Isela elalifa lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Futhi kwangathi ngingaba lapho, nakuba ngimubi njengalo,
Ngigezwe zonke izono zami.
Ngigezwe zonke izono zami,
Ngigezwe zonke izono zami;
Futhi kwangathi ngingaba lapho, nakuba ngimubi njengalo,
Ngigezwe zonke izono zami.

146 Nizizwa nikahle na? Ukukhonza uMoya oNgcwele nje, izibusiso zeNkosi phezu kwenu.

147 Manje, silindele ukunibona kulobubusuku. Namakhadi omkhuleko akhishiwe manje ligamenxe elesithupha, ngqo, ukuze ningeke niphazamise yonke inkonzo. Futhi nina enifisayo, wozani.

148 Futhi bangaki abaya eZulwini, ngomusa kaNkulunkulu na? Ake sibone isandla sakho. Siyakhuphuka.

NginoBaba laphaya,
NginoBaba laphaya,
NginoBaba laphaya,
Kolunye ugu.

O, ngolunye usuku olukhazimulayo ngiyohamba ngiMbone,
Ngolunye usuku olukhazimulayo ngiyohamba ngiMbone,
Ngolunye usuku olukhazimulayo ngiyohamba ngiMbone,
Kolunye ugu.

O, lolosuku olukhazimulayo lungaba kusasa,
Lolosuku olukhazimulayo lungaba kusasa,
Lolosuku olukhazimulayo lungaba kusasa,
Kolunye ugu.

O, ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo lowo!
Ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo lowo!
Ngeke yini kube umhlangano ojabulisayo lowo!
Kolunye ugu.

149 Niyawathanda lawo mahubo amadala na? O, ungaba nazo zonke izidwedwe zakho eziqotshiwe ozifunayo. Nginike lawo maculo amadala asuka enhliziyweni eGazi enza okuthile ezansi phakathi *lapha,* alotshwe nguMoya oNgcwele, abhalwa ngepeni nguNkulunkulu. Awangoqobo.

150 Awu, iNkosi inibusise, kahle ngempela. Ngiyethemba ukunibona kulobubusuku. Phendulela inkonzo kumelusi, manje, Mfowethu Jackson.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . okusemthethweni.

151 Kungahle kube nabanye lapha abangeke beze enkonzweni yokuphulukisa kulobubusuku, abafuna nje ukugcotshwa futhi bakhulekelwe. Kukhona sonke isigejane sethu befundisi lapha esingajabula ukunikhonzisa nganoma iyiphi indlela ebesingayenza. Manje, inkonzo yokuphulukisa evamile izoba kulobubusuku. Manje, okungukuthi, uma ungahlala futhi ulinde. Uma ungeke, woza khona lapha manje.

152 Kukhona inenekazi elifanele lihambe, ngemuva, elinodaba lwenhliziyo, noma enye into. Ngikholwa ukuthi liphezulu lapha. Omunye ukhombe umunwe wabo phezulu lapha. Inenekazi lapha elinenkathazo yenhliziyo, elingeke libuye kulobubusuku, lokho kubucayi ngempela, futhi lifuna... futhi alikwazi ukungena emgqeni.

153 Manje, niyabo, isizathu sokuba sicele umugqa, phakathi lapho singakwazi... Mina uqobo... Wonke umuntu unendlela ehlukile yokukhuleka. Abanye bakhuleka ngenye indlela, abanye ngenye. Okwami, uma ngazi ukuthi ngikhuluma ngani, khona-ke ngingenza.

154 Kodwa uma ngiphumele lapha ukuba, ngithi, bengizolungisa imoto, futhi angazi nento eyodwa ngayo. Awu, ngiyozitholela ispanela ubhobhojane, futhi ngiqalaze. Ngi—bengingeke ngazi. Niyabo?

155 Awu, manje, abantu abaningi banalokho kukholwa okubusayo okuphumela khona lapho futhi kuphonsele inselelo lezozinto futhi kuzilahle kude. Kimina, ngifanele ngibone ukuthi liyini icebo likaNkulunkulu ngalokho, kuqala, niyabo. Ufanele ubheke. Isipho sesiprofetho siyinto exakile. Ungenza izinto ngaso futhi uzifake enkathazweni. Bangaki okwaziyo lokho na?

156 Bukani u-Eliya, ngikholwa ukuthi kwakunguye, yebo, u-Eliya. Wayengumfo osemusha, waba nempandla, futhi abanye abantwana abancane babemgcona ngokuba nempandla. Bathi, "Kungani ungakhuphuki njengoba kwenza u-Eliya na?" Futhi waphenduka futhi wabeka isiqalekiso phezu kwalabobantwana, futhi abangamashumi amane-nambili babo babulawa. Leyo akusiyo imvelo kaMoya oNgcwele. Niyabo? Lowo kwakunguye lowomprofethi, ethukuthele, futhi wavele wabeka isiqalekiso kulokho akusho.

157 UJesu wathi, kwehle njalo emiBhalweni engiyifundile kulokhu ukusa, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo." Nakho lapho ukhona. Niyabo? Ufanele ubheke okwenzayo.

158 Manje, bukani uMose. Wayenamandla. Kwakungesiyo intando kaNkulunkulu ukukhipha amanzi edwaleni (Bangaki abakwaziyo lokho na?) okwesibili. Wayefanele akhulume kulo, hhayi ukulishaya. UNkulunkulu wamtshela ukuthi akhulume kulo. Wajika ngqo futhi walishaya, ngoba wayenamandla okukwenza. UNkulunkulu wamnyusela entabeni, wathi, "Bukani ngaleya, ubone izwe, kodwa aNgiyikukuvumela ukuba uliwele, ngenxa yokwenzile ezansi lapho edwaleni." Niyabo? Niyabo?

159 Ngakho-ke ufanele ubhekisise ekwenzeni lokho. Yingakho ngihlala ngizama...

160 Futhi ngizizwa kanjalo maduze, mhlawumbe ezinsukwini ezimbalwa ezizayo, Nginomuzwa wokuthi uNkulunkulu uzophinde akhulume nami. Niyabo? Ngilala emahlathini, imini nobusuku, ngilinde leso sikhathi. Bengilokhu ngizwa, emavikini amabili noma amathathu edlule, ukuthi Ubezokhuluma kimi. Ngikholwa ukuthi ngizoba nokuthile okushintsha. Ngikubheke ngabomvu, isikhathi eside. Lokho, isibikezelo esanikezwa lapha esikhathini esingeside esedlule, salokho okuzokwenzeka, kwenzekile. Kodwa kubonakala sengathi, phansi kimi, kukhona okunyakazayo. Futhi ngivele ngihlale ngaphandle, ngihambe ekuseni kakhulu, ngiphume ebusuku, ngilindile, ngibhekisisa ukubona ukuthi Uzothini. Futhi njalo esikhashaneni, ngizoguqa ngamadolo ngithi, "Ingabe Ulapha, Nkosi na? Ngabe kukhona noma yini Ofuna inceku yaKho ikwazi na?" Yingakho ngibhekile. Ngifuna ukuthi ihora lifike, lapho esingeke kudingeke ukuba sibe nokubona okufihlakeleyo, lapho enginokukholwa ngaphandle kwakho.

161 Ngiyacabanga, umbono uza lapha, uthi, *lona* wesifazane, noma *leli* nenekazi, kumbe noma ngabe ngubani. Niyabo, angazi, indoda, noma ngabe ungaba ubani, uzokhuphukela lapha. "Angikaze ngikubone empilweni yami." Futhi nokho, Uyangikhombisa lapho ukuthi wena ungubani, ukuthi yini inkinga ngawe, lapho ovela khona, wenzeni ukubangela lokhu. Kufanele kube nembangela yayo yonke into.

162 Kuthiwani uma othile onile na? Mhlawumbe benze okuthile obungamele ngabe ukwenzile. Mhlawumbe bebefanele ngabe benze okuthize abangakwenzanga, noma okuthile ngaleyo ndlela. Futhi nampa bakhona, noNkulunkulu evumela uSathane ukuba abambe lesosiqalekiso phezu kwabo, ukubaletha kokuthile, e—ekulaleleni. Ukugula kwesinye isikhathi kuyisiswebhu uNkulunkulu asisebenzisayo ukuletha ukulalela. Futhi kuthiwani uma lowo muntu ema lapho, ngithi, "O, haleluya, udumo kuNkulunkulu, makabongwe uNkulunkulu," ubagcobe ngamafutha, futhi ubakhulekele; futhi kwenzeke ukuthi ngiwukhiphe lowomoya omubi kubo, futhi uNkulunkulu wavumela ukuba kubekwe lapho na? Ngisenkingeni, khona lapho, noNkulunkulu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngi . . .

163 Kodwa uma ngibona lapho ukuthi iNkosi isho into ethize-thize. Mhlawumbe uSathane ukwenzile nje. Futhi ngiyabona ukuthi akukho lutho empilweni yalowomuntu engavimba, khona-ke nginokukholwa ukwenyukela lapho. Nginokukholwa ngoba ngiMbonile ngenkathi Eza kimi futhi wangitshela ukuba ngikwenze. Niyabo?

164 Bese kuthi-ke, enye into ingukuthi, mhlawumbe uma benze okuthile okungalungile, futhi ngithi, "Wenze into ethize-thize."

"Kunjalo."

"Awu, lungisa lokho."

165 "Ngiyathembisa phambi kukaNkulunkulu ngizokulungisa." Buka emuva futhi uphinde ubabone kahle, phandle ngaleya, iminyaka ezayo, basaphilile. Khona-ke uyazi; uNkulunkulu usevele ukukhulumile.

166 Engilindile nje ukuthi ngisho igama, yilokho kuphela. Niyabo? Yilokho okukuthathayo. Yileyo indlela. Ngiyabheke, ngenze inkonzo yami ihambe kancane, ngithathe udaba ngalunye futhi ngilubheke, khona-ke ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Niyabo? Ngiyazi kahle ukuthi ngithini kumuntu.

167 Manje, kube nezikhathi lapho ngibona khona ukufa phezu komuntu, ngeke ngisho lutho. Ngivele ngithi, "INkosi inibusise. Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. UNkulunkulu uzokuphilisa, uma nje unokukholwa." Ngiqhubeka kanjalo, ngazi, enhliziyweni yami, ukuthi abazukuphila. Ngoba, awu, awufuni nje ukubatshela lokho, ngaphandle—ngaphandle uma ufanele, uma uMoya oNgcwele ekwembula.

168 Uyazi ukuthi sekwenziwe, izikhathi eziningi. Batshele, uthi, "Usungavele ulungiselele. Uyahamba. Akukho okuzokusindisa."

169 Nganginentombazane encane lapha, esikhathini esithile esedlule, uyise wathi, uma ngiphulukisa leyontombazanyana, uzoba ngumKristu. Ngangifuna lowo mndeni ube umKristu. Ngehla ngaya endlini. Umntwana omncane wayenenyumoniya ephindwe kabili. Babemnike yonke imijovo kazifozonke ababengamnika yona. Akuzange kube nomthelela. Wavele wehla futhi wehla futhi wehla. Futhi ngehla ukuyombona. Ngangena lapho, futhi ngathi, "Angazi." Ngathi, "Ngi—ngizokhuleka." Futhi ngangena futhi ngamkhulekela, futhi ngayo yonke inhliziyo yami.

170 Futhi udokotela uyafika, ngaleyontambama, wathi, "Umkhuhlane wayo wehlile." Ngakusasa ekuseni uyafika, wathi, "Lowo mntwana ungcono kakhulu," wathi, "angavuka, ebusuku."

171 O, uyise, ngenkathi ngiyombona umntwana, wangihlangabeza, futhi wayethokoza. Wathi, "O, Mfowethu Branham!"

Futhi ngathi, "Lee, ngijabule kakhulu ukubona ingane yakho injalo."

172 Futhi uMoya oNgcwele wabonakala kimi, wathi, "Ngeke aphile ngaphandle kwezinsuku ezintathu."

173 Futhi uyise wayezoza kuKristu. Wathi, "Manje, uma ninomhlangano wenu, sengilungele ukubhaphathizwa," yena nomndeni wakhe. Manje, a—angikwazanga ukumtshela. Ngangizonda ukumtshela. Ngangazi ukuthi ingane yayizofa.

174 Ngabuyela emuva futhi ngatshela umkami, ngatshela, o, inqwaba yabangane nomakhelwane bami, nezinto, “Ingane ngeke iphile,” intombazanyana cishe eneminyaka eyisishiyagalombili. Ngathi, “Ngeke iphile. Izobe isifile zingakapheli izinsuku ezintathu.” Ngabona lowomama emi lapho, ekhala, wagebisa ikhanda lakhe kathathu, izinyembezi zehla. Ngibone ibhokisi elincane, elimhlophe lidlula emakamelweni, ngenkathi ngimi lapho. Ngathi, “Izohamba.”

“Awu,” wathi, “ubufanele uhambe utshele uLee?”

175 Ngathi, “Angifuni ukumtshela.” Ngathi, “Ngiyamthanda uBeatrice omncane, kuqala, nami . . . ” Nonke niyazi ukuthi ngikhuluma ngobani. Ngakho-ke ngathi, “Ngiyamthanda uBeatrice omncane, futhi a—angifuni ukuthi akwazi. Futhi angifuni ukutshela uyise.” Futhi—futhi ngathi, “A—angazi ukuthi ngenzenjani. Kodwa ngiyayazi ingane . . . ” Ezinsukwini ezintathu yayisihambile. Niyabo? Ngathi ngangingafuni ukutshela uyise. Niyabo? Manje, ngaleyondlela.

176 Manje, izikhathi eziningi, ngike ngahamba futhi ngakhuleka. E-Afrika lapho, lapho okwakukhona cishe abantu abathathu noma abane kuphela emsamo. Futhi ngenkathi kwenzeka okuthile emsamo, ngavele ngenza umkhuleko webandla, futhi izimangaliso eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zenzeka kanyekanye. Niyabo? Ukukholwa kwabantu. Manje, izikhathi eziningi, sasiletha abantu ngqo emsamo, sibabeke izandla, sibakhulekela, sibathumela ngaphandle. Bayaphuma futhi balulame. Niyabo? Ngakho-ke, yilokho nje abantu abakucabangayo. Ukukholwa kwabo, empeleni.

177 Kodwa, ukuqalekisa into, ngifuna ukwazi kuqala ukuthi ngenzani. Lowo yimina ngikwenza ngeleyonkathi.

178 Uma uza, ubekwe izandla, lokho ngukukholwa kwakho, yilokho okukholwayo. Niyakuqonda engikuqondile manje, wonke umuntu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Futhi ngiyesaba ukusho . . .

179 Nakhu kufika umuntu, angazi lutho ngabo, angikaze ngibabone ngaphambili, “Mfowethu Branham, nginos*’bani-bani* nami. Kungukuthi . . . Ngi—ngi—ngi—nginomdlavuza. Nginesifo sofuba.”

180 Ngiyesaba nje ukusho lokho. Niyabo, angazi ukuthi ngenzani. Niyabo? Ngi—bengingancamela nje ukuthi, “Ngizokukhulekela.” Niyabo, kanjalo. Kodwa uma ngingabona umbono, ngibone ukuthi kuzokwenzekani, lokho kwehlukile. Niyabo? Ngi—ngiyazi okufanele ngikwenze. Ngi—ngi—ngiyaqonda-ke, ini. Kufana nokungena kunoma yini. Kodwa inqwaba yezikhathi ngikhulekela abantu, izikhathi ezingamakhulu.

181 UMfowethu Scharrer ohlezi khona emuva lapho, ngiyambuka manje. Ngike ngaba ndawana thize enkonzweni yomngcwabo, ngangcwaba umama kaDadewethu uRoberson. Mfowethu Scharrer, angikaze ngibone indoda ekunoma yisiphi isimo, njengoba nje wayekuso, mina. . . ikhanda elishayayo, noma enye into. Angazi. Futhi wafika endaweni lapho kwakungathi uqulekile khona, wayengazi lutho. Wangena waqonda ekamelweni lakhe, waba nezwi nje lomkhuleko, waphuma wabuyela emuva. Ngathi, "Ngokuqinisekile nje njengoba ngimi lapha, uzophulukiswa." Kwaba yilokho-ke. Waphuma ngqo wahamba.

182 UNkk. Wood lapho, umama wakhe elele, efa enomdlavuza ebusweni bakhe. Niyazi ukuthi uyini. Uze uthinte udebe lwakho lapha, phakathi *lapha,* ungafa esikhashaneni. Inyosi yatinyela indoda, ezansi lapha ngezansi kweNew Albany, muva nje, yayihlaba odebeni, yafa cishe emizuzwini emibili. Noma yini nga*lapha*, ungalinge ucindezele lutho ezindebeni zakho, ngoba kugijimela emthanjeni ogijimela ebuchosheni bakho. Impela, bantu, indoda ayifanele neze ishefe phezu kwezindebe zabo. Kunjalo impela. Lapho insingo yakho idonseka, izinyembezi zifika emehlweni akho. Kubi khona lapho, emthanjeni omkhulu.

183 Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangingapha lapho uGene noLeo. . . Kwakukhona intombazane lapho, eyayisebenza endaweni yokuthaka nokudayisa imithi, ezansi—ezansi lapha endaweni yokuthaka nokudayisa imithi. Futhi ngangena lapho ukuze ngitholele izinganyana zami enye into ethile, ukuthola amavithamini, nezinto zomkhuhlane wabo, nokunye nokunye. Futhi wayekusho laphaya komakhelwane.

184 Kwakukhona umfundisi othile lapho. Wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi uMfowethu Branham uzonikeza enye yezingane zakhe umuthi na?" Niyabo, akwaziwa. Ngase ngithi. . . "Awu," wathi, "Anginalo ukholo oluthe xaxa kuye kunalutho emhlabeni." Futhi ezinsukwini ezimbili nje emva kwalokho, wayeshefa, wasika udebe lwakhe, walucindezela *kanjalo*. Wayesesibhedlela, ngakusasa, ngaphansi kwetende lomoya-mpilo. Cishe ezinsukwini ezine noma ezinhlanu kamuva, waphuma, ubuso bakhe buvuvukele *kanjalo*. Niyabo? Waphuma kanjalo, ngoba wacindezela indawo odebeni lwakhe. Niyabo? Ufanele uqaphele ukuthi wenzani ngalokho, leyonkathazo yodebe phakathi *lapha*.

185 Manje, emuva kumoya, ohlangothini lukamoya. Niyabo? Ufanele wazi ukuthi yini osondela kuyo, wenzani. Uma ungazi, ungakwenzi.

186 Manje, emkhulekweni wabagulayo, o, bengingasho izinto eziningi, eziningi. UNkk. Wood, ebengikhuluma ngaye, unina, umdlavuza wawusufike wehlela kulemithambo lapha. Ubuso bakhe babuvuvukele. ULeo, uGene kanye nami sasiseMichigan.

Futhi sikuzwe ocingweni. Umkami wangishayela ucingo, wathi, “Umama kaNkk. Wood uyafa.”

187 Ngahamba ngaphesheya komfula. Lapho kuhlezi uNkk. Wood, edabukile. Wathi umama wakhe efa. Ngangena ekamelweni, futhi ngahlala lapho naye isikhathi eside, kungekho mbono. Kodwa ngathi ngiya kuye, kukhona nje okungaphakathi kimi, okwathi, “Uzophila.” Ngaphindela emuva ngaphuma.

188 UMnu. noNkk. Wood behlezi lapho, bathi, “Awu, itheni iNkosi na? Uwubonile umbono na?”

189 Ngathi, “Qhabo.” Bona . . . ngokushesha impela. Babekade besemhlanganweni, niyabo, futhi bayibona imibono. Babephonswe phansi. Kodwa ngomzuzu nje, ngathi, “Kodwa Okuthile kungitshelile. Kufana nje no-ISHO KANJE INKOSI njengombono, ukuthi owesifazane uzophila.” Futhi waphila.

190 Umdlavuza *ngapha*, phansi ebusweni bakhe kanjalo. Futhi lapha sekungenile ethanjeni, kudla onke amathambo alikhiphe, nezinto ezizungezile kanjalo, yonke inyama kwehlele ethanjeni kanjalo. Futhi uyaphila namhlanje, hhayi nje cishe isibazi lapho lapho kwakukhona. Niyabo? Futhi okwahlakazeka, udokotela wayemjove kukho, futhi wavele wakuhlakaza kwasabalala nje, niyabo. Futhi lokho—lokho kwakwenza, noma ukuzama ukukushisa, noma okuthize abazama ukukwenza kukho.

191 Manje, wukukholwa kwabantu, lokho onokukholwa kukho. “Uma wena . . . ” Lapha, uJayiru wathi, “Woza ubeke izandla zaKho phezu kwentombazane yami, indodakazi yami, futhi izophila.” Niyakukhumbula lokho na?

192 UmRoma wathi, “Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje, futhi inceku yami iyaphila.” Ngabe kunjalo na? Nakho lapho okhona. Kuncike okholweni.

193 Manje, ngabe inenekazi lilapha elinenkathazo yenhliziyo, elingakwazi ukubuya kulobubusuku na? Uma lilapha . . . [UMfowethu uJackson uthi, “Emuva lapha, kwesokunxele lapha.”—Umhl.] Kwesokunxele. Kulungile, mnumzane. Kulungile, nenekazi eliselincane, uma ufuna ukwenyukela ngapha ngqo manje, woza nje uye phambili.

Ukhona omunye na? Wamukelekile.

194 Ngifuna uMfowethu Cash, nomfowethu . . . nina bafowethu lapha. Ngikholwa ukuthi uMfowethu Beeler uphakathi, naye, akekhona na? Woza lapha, Mfowethu Beeler. Omunye umshumayeli, noma yimuphi wabefundisi ozoza manje, sifuna ukukhulekela lona wesifazane osemusha.

195 Bathi bekuyinkathazo yenhliziyo. Ngabe kunjalo na? Lowo ngumbulali omkhulu kunabo bonke esinabo, inkathazo yenhliziyo. Kodwa ngabe uyazi ukuthi uJesu uhlala enhliziyweni na? UmaMukele phakathi lapho na? Wena, o, uhlala lapha edolobheni, uhlala khona na? [Udade uthi, “Ngisuka e-

Ohio."—Umhl.] E-Ohio. Ungaphulukiswa enkathazweni yakho yenhliziyo. UNkulunkulu ungumphulukisi. Uphulukisa inhliziyo. Uphulukisa wonke amalungu omzimba, zonke izitho.

196 Manje wozani *ngapha*, bazalwane. Masize lapho inenekazi elikhona.

197 Ngifuna ibandla likhothamise amakhanda abo, uma bethanda, sisakhuleka . . .?. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

198 Wena wenza inhliziyo. Uyenza ikhule futhi iphile. Ungakha udonga olusha lapho oludala seludiliziwe. Ngokuba Wena unguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Futhi ngiyacabanga, "Ukube lona bekungudadewethu, uDelores; umkami, uMeda; noma intombazane yami, uRebekah na?" Bengingafuna ibandla likhuleke ngakho konke okukithi, Nkosi, umkhuleko wokukholwa womntwana wami, noma umkami, noma othandekayo. Mhlawumbe indodakazi yomuntu othile, futhi mhlawumbe unkosikazi womuntu othile. Kungase kube umama wengane. Uthe uyaKuthanda, futhi wemukele Wena njengoMsindisi wakhe. Futhi unelungelo lokuza kulamalungelo. Futhi siyeza, phezu kwegunya lesimemo saKho, ukumkhonzisa, leziziphiwo zokuphulukisa. Futhi ngokubeka izandla phezu kwakhe, sengathi iZwi likaNkulunkulu lingabonakaliswa emzimbeni wakhe, ukususa lenkathazo yenhliziyo.

199 Siyakulahla, phezu kwesisekelo seZwi likaJesu Kristu uqobo, siyasho, ukuthi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakumvusa." Manje, eGameni likaJesu Kristu, inkathazo yenhliziyo mashiye udadewethu. Kwangathi angahamba, nokuthi lutho nakanye ichashaza lakho nhlobo. Futhi Uyakuba nodumo nenkazimulo ngalezi zibusiso, ezingafika kuphela ngesandla saKho, njengoba sikhonzisa ngokweZwi laKho. Amen. Mthinte, Nkosi.

Yiba nokukholwa futhi ukukholwe, dade! . . .?. . .

200 Nkulunkulu othandekayo, lezizandla ezibuthakathaka, ezishwabene zalomama othandekayo, ziye zakhonzisa kubantwana bakhe, nakubazukulu bakhe, futhi zingikhonzisile isikhathi esiningi, futhi uswele kulokhu ukusa. Futhi simile, emva kokushumayela ukuthi Wena unguNkulunkulu omkhulu, uNkulunkulu omkhulu, onamandla, futhi hhayi uNkulunkulu womlando; uNkulunkulu wenkathi yamanje, "NGINGUYE." Futhi ngiyakhuleka, O Nkosi Nkulunkulu, ukuthi Uzothumela izibusiso zaKho zokuphulukisa phezu komzimba wakhe. Izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu. Kwangathi angahamba lapha namuhla, futhi asinde, futhi aphile iminyaka eminingi yenjabulo nokho, ukuKukhonza. Futhi Uyakuba nalo lonke udumo ngalezi zinto, njengoba ehambahamba futhi etshela abantu ngalokho okwenzekile. Amen.

201 Haleluya! Marion Williamson, uNkulunkulu akubusise. Nobabili ningishayele ucingo. Ngakhuluma nani . . .? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

202 Yebo. Ngamkhulekela, eminyakeni eminingana edlule, enesifo sofuba. Waphulukiswa. Uyagula, kodwa ufanele abe nokubona okufihlakeleyo, ukuze azi ncamashi ukuthi kuyini . . . lokho akwenzile, noma yini okwengeziwe ngakho. Okungukuthi ngiyakholwa, nokho, ukuthi lawa inenekezi eliselincane kanye nalabo esibakhulekele, esikhashaneni esedlule, bazophila. Ngiyakukholwa lokho ngakho konke okukimi. Ngiyakukholwa nje. Niyakukholwa nani na? Nginohlobo olufanayo lokuzizwa ngabo engaba nalo ngomama wakho, uNkk. Wood, niyabo; noma njengoba ngenza kuwe, Mfowethu Scharrer; nabanye abaningi lapha. Ngizwa nje ukuthi bazophila. Yilokho kuphela. Ba—bane—bashayele amabanga amade futhi beza enkonzweni, futhi lokho kukhombisa ukukholwa kwabo.

203 Niyazi, iBhayibheli likhuluma ngalokho, ngezinsuku zokugcina na? Kunjalo. O! "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Ngabe kunjalo na? Kuyoba ngukuKhanya, iVangeli elifanayo. UMoya oNgcwele ofanayo, aMandla kaNkulunkulu afanayo ayoba lapha ukuphulukisa abagulayo nabahluphekile, njengoba Wawunjalo. Futhi uNkulunkulu ukhona njengamanje, ukhona njengamanje. Ukhona nje manje njengoba Ezoba njalo kulobubusuku, ngokufanayo nje, ukuphulukisa abagulayo nabahluphekile. Akamuhle Yena na?

204 Ake sicule inothi, leli, "Uyamangalisa, uJesu kimi." Dadewethu, uyalazi lelo na?

> Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu kimi,
> UMeluleki, iNkosi yoKuthula, uNkulunkulu onaMandla nguYe.

Asilicule manje, ndawonye.

> Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu kimi,
> UMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
> O, uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
> Uyamangalisa uMhlengi wami, malibongwe iGama laKhe!

> O, uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu kimi,
> UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
> O, uyangisindisa, ungigcina kuso sonke isono nehlazo,
> Uyamangalisa uMhlengi wami, malibongwe iGama laKhe!

Ngangilahlekile, manje sengitholiwe, ngikhululiwe ekulahlweni,
UJesu unikeza inkululeko nensindiso egcwele;
Uyangisindisa, uyangigcina kuso sonke isono nehlazo,
Uyamangalisa uMhlengi wami, malibongwe iGama laKhe!

Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu . . .

Liculeni, wonke umuntu manje. Liphakamise.

UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, ungigcina kuso sonke isono nehlazo,
Uyamangalisa uMhlengi wami, malibongwe iGama laKhe!

O, uyamangalisa, uyamangalisa . . .

Phakamisani izandla zenu ngenkathi . . .

. . . mina,
UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, uyangisindisa, ungigcina kuso sonke isono nehlazo,
Uyamangalisa uMhlengi wami, malibongwe iGama laKhe!

205 Amen. Asivele siphakamise izandla zethu manje, futhi siMbonge, wonke umuntu, ngendlela engeyenu.

206 Nkosi, siyaKubonga ngokulunga kwaKho. SiyaKubonga ngomusa waKho, ngakho konke Osenzele khona. Kube kuhle ukuba lapha. Singasho noPetru kanye nabo, "Masakhe amadokodo amathathu, elinye libe ngeLakho, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya," kodwa leloPhimbo elibusisiwe lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni." Ngakho-ke, uyamangalisa uJesu, "uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise oNgunaphakade."

207 Yiba nathi ngosuku oluzayo, Nkosi. Sibusise manje. Siphe inkonzo enhle kulobubusuku.

208 Busisa izinceku zaKho kuyo yonke indawo emhlabeni jikelele. Busisa imihlangano ezayo, esizweni jikelele, Nkosi, phandle eSan Jose, eCalifornia, kwezinye izindawo lapho imihlangano nabantu bebuthana khona manje ngezinkonzo ezinkulu. Yiba nathi kulobubusuku. Yiba nabahlobo etabernakele. Esizweni sonke jikelele, yonke indawo ebizwa ngeGama laKho, siphe, Nkosi, ukuthi Uzoba lapho. NgeGama likaJesu.

209 Manje ngizophendulela inkonzo kumelusi, ozokhulula, Mfowethu Jackson. Ligamenxe elesithupha, manje, amakhadi omkhuleko.

210 [UMfowethu uJackson uthi, "Ngithanda ukusho, ukuthi sifuna ukuthathela umfowethu umnikelo wothando namuhla."—Umhl.]

211 Ngiyabonga, Mfowethu Junior, othandekayo. Ngiyabonga, lutho nhlobo. Qhabo. Ungakwenzi. Ungakwenzi lokho. Ngizizwa ngimncane ngempela. Ngizizwa ngingcono ngempela manje; awufuni ngizwe okuhlukile, uyafuna na? Ngiyabonga kakhulu, ngokufanayo nje. Ubedlala nje, ebone ukuthi bengizothini. Qhubeka.

